# Bagqugquzelwe ukugoma izilwane kuqwashiswa ngamarabi



UNGQONGQOSHE wezoLimo kulesi sifundazwe, uMnuz Super Zuma ngesikhathi kuwusuku lokuqwashisa ngamarabi emhlabeni wonke izolo Isithombe: SITHUNYELWE

ZIMBILI VILAKAZI

KUNXUSWE abanikazi bezinja namakati ukuthi bakukhuthalele ukukugoma ngesikhathi kuwusuku lokuqwashisa ngamarabi emhlabeni wonke izolo.

KwaZulu-Natal bekubuthenwe enkundleni yezemidlalo iNkukhwini KwaNongoma kanti bekuzimazise uNgqongqoshe wezoLimo esifundazweni, uMnuz Super Zuma.

UZuma uveze ukuthi kusuka ngo-2021, bangu-15 abantu asebebulawe amarabi.

Uthe kulesi sibalo kukhona abane ababulawe yilesi sifo kusuka ngoJanuwari nonyaka kuya kwephezulu .

Uveze ukuthi izibalo eziningi zivela eThekwini kanti zibandakanya izingane ezineminyaka emibili kuya kwengu-13.

Uqhube wathi isigameko sakamumva senzeke khona KwaNongoma, kuso kushone ingane yomfana eneminyaka emihlanu.

Uthe le ngane yalunywa yinja umndeni wayiphuthumisa esibhedlela esiseduzane ngesikhathi iqala ikhombisa izimpawu zalesi sifo kodwa yafike yashonela khona.

"Siyayinxusa imiphakathi yakithi ukuthi izigome izinja namakati ukuze kugwemeke ukufa kwabantu. Lesi sifo siyakwazi ukugwemeka, uma nje abantu bezoqinisekisa ukuthi izilwane zabo ziyagonywa," kusho uZuma.

Uthe isenzo sabanikazi bezilwane sokuthi basukume sebeyofuna imithi yokwelapha amarabi ezilwaneni kuwuphawu lokuba budedengu.

"Kungani kufanele ulinde isilwane size sibe namarabi ngaphambi kokuthi usukume, ube ungakwazi ukuthi usigome isilwane?" kubuza ungqongqoshe.

Uveze ukuthi banezindawo zokugoma izilwane isifundazwe sonke kodwa sincane kakhulu isibalo sabantu abafikayo belethe izilwane zabo.

UZuma uphinde wahambela umndeni wengane esanda kubulawa amarabi kule ndawo.

ISOLEZWE
29 SEPTHEMBA 2023
PAGE 12